22130687

International Baccalaureate®
Baccalauréat International
Bachillerato Internacional

**NDEBELE A: LITERATURE – STANDARD LEVEL – PAPER 1**
**NDÉBÉLÉ A : LITTÉRATURE – NIVEAU MOYEN – ÉPREUVE 1**
**NDEBELE A: LITERATURA – NIVEL MEDIO – PRUEBA 1**

Wednesday 8 May 2013 (morning)
Mercredi 8 mai 2013 (matin)
Miércoles 8 de mayo de 2013 (mañana)

1 hour 30 minutes / 1 heure 30 minutes / 1 hora 30 minutos

INSTRUCTIONS TO CANDIDATES

- Do not open this examination paper until instructed to do so.
- Write a guided literary analysis on one passage only. In your answer you must address both of the guiding questions provided.
- The maximum mark for this examination paper is *[20 marks]*.

INSTRUCTIONS DESTINÉES AUX CANDIDATS

- N’ouvrez pas cette épreuve avant d’y être autorisé(e).
- Rédigez une analyse littéraire dirigée d’un seul des passages. Les deux questions d’orientation fournies doivent être traitées dans votre réponse.
- Le nombre maximum de points pour cette épreuve d’examen est *[20 points]*.

INSTRUCCIONES PARA LOS ALUMNOS

- No abra esta prueba hasta que se lo autoricen.
- Escriba un análisis literario guiado sobre un solo pasaje. Debe abordar las dos preguntas de orientación en su respuesta.
- La puntuación máxima para esta prueba de examen es *[20 puntos]*.



© International Baccalaureate Organization 2013

*Hlaziya ubhale ngendima* ***inye*** *kuphela. Thinta mibili imibuzo eqondisayo empendulweni yakho.*

**1.**

Babonana ekuseni ngakusasa ngesikhathi uEnock eyophemba ekhishini. “Kambe sewukhumbulile Enock, mfana wami, ukuthi nehlukenephi noThengizwe izolo na?”

“Angikhumbuli lutho; angazi lutho ngoNkosana Nkosikazi.”

“Uyashesha thina ukukhohlwa Enock Dlomo lokhu sewukhohlwe ukuthi izolo kusempondozankomo uThengizwe uye wakuvusa endlini yenu, naphumisana naye ngokuthubelezela kawabuye wabonakala ilanga lonke sewuze uvele sekuswelela izolo. Awusakukhumbuli konke lokho? Ngiyamangala.”

“Kimina kungathi sekudlule iminyaka eminingi kakhulu sehlukana noNkosana, yikho nje ngingasakhumbuli lutho olwenzeke izolo. Uzongixolela Nkosikazi inxa lokhu kuzilandula kwami kukuphatha kabi. Akusiyona intando yami ukwenqaba ukuphendula imibuzo yakho; angimazi lapha ekhona uNkosana namuhla.”

“Akakho othe bhula ukuthi uThengizwe, uNkosana wakho loyo, ukuphi njengamanje, nawe uqobo ngeze wakwazi lokho ngoba uvuka lapha ekhaya, yena namuhla uvuka lapha ekhaya, yena namuhla uvuka kwezinye izinkalo. Nakhu mina engikubuzayo. Nehlukenephi izolo? Khumbula mfana wami; musa ukungibhacela osizini ngokuba angikwethwesi cala lalokho. Ngibuza ukuthi umshiyephi uThengizwe izolo na?”

“Ngiyavuma ukuthi ngiphumisene naye izolo saye sehlukana nganeno koMzimkhulu. Ukusho ukuthi ube eselibangisaphi ngasemuva kwalokho, angazi nami Nkosikazi ngoba akangitshelanga njengalokhu nawe ekufihlele. Angimbeki cala uNkosana ngokuba engakutshelanga lutho kodwa angangibeka icala inxa ngingaphosholoza izindaba zakhe angathandiyo ukuba zaziwe ngabanye abantu. Nomunye nje umuntu ongeNkosana angeze akuthanda lokho. Yilokho-ke engikukhumbulayo.”

“Khona manje kade uthi uThengizwe kakutshelanga lutho, manje sewuthi awunakuphosholoza izindaba zakhe kumuntu omunye. Ngizobamba liphi?”

E H A Made, *Indlalifa yaseHarrisdale* (1940)

(a) Ngokuqonda kwakho, bunjani ubudlelwane phakathi kwabalingisi onkosikazi loEnock?

(b) Xoxa ngendlela umbhali asebenzisa ubuciko bokubhala obakha umoya ophaphulekile endimeni.

**2.**

**Isitimela**

Nansiya inkunzi yensimbi
Impempeza okomfazi wesithembu,
Ingqingqiza okwengqulungqulu
Ibhula amaphik' emoyeni
Inyobozela ijonge khona le
Kwamfazi ongemama.

Ikhafule intuthu emnyama
Yajilingana yaya phezulu,
Izinkonjane ziye zasakazeka
Zibalekela ingwe emnyama;
Yashushuluza ijahe ukuyobona
Le Kwandongaziyaduma.

Nansiya igudla amawa
Igcaleka ibubula ezintabeni,
Yaphindana kuhle kwesongololo
Lapho iyodlula emajikeni,
Iphikelele khona le
Emzini ongenabusuku.

Nansiya ixoxa ngamasondo
Ithi, "Ngadl' umuntu ngadl' umLungu
Ngadl' abantu bonke,"
Ibathuthela khona ezinkomponi
Bayomba amalahle negolide,
Kulo elimbele ungephusi.

Umubi wenkunzi yabeLungu
Ngokuthanda izingane zabantu,
Zihambe ijuba likaNowa,
Izingoduso zisale zincela izithupha,
Osobahle sebedukele eMshishi
Ukuyogqwaba wona amabheka.

E E N T Mkize, *Kuyokoma Amanthe* (1970)

(a) Ucabanga ukuthi isitimela lohambo lwaso kumele ini empilweni?

(b) Xoxa ngendlela usonkondlo asebenzise ngayo ulimi olunothile ukugxamisa izindikimba zenkondlo.